UMAFRIKA, Ezamabhizinisi
Friday, 22 October 2010, p. 9

Kubhekelwe izindawo zasemakhaya ngamanzi

FRASER MTSHALI

ISIKHONDLAKHONDLA senkampani ekhiqiza amanzi KwaZulu-Natal, uMngeni Water, izosebenzisa isamba esingu-R3-*billion* yakha ingqalasizinda ezofakela amanzi kakhulukazi ezindaweni zasemakhaya kulesi sifundazwe.

Lokhu kushiwo nguMnuz Mzimkulu Msiwa, oyiChief Executive Officer (CEO) yale nkampani eThekwini kuleli sonto ethula umbiko wezezimali wale nkampani wonyaka u-2009/2010. Izindawo zasemakhaya yizona ezizosizakala kakhulu ngesamba sika-R1-*billion* esizoqondana ngqo nengqalasizinda.

Omunye uR1-*billion* uzosebenza ekuthuthukisweni kwengqala-sizinda ekhona nasekwengezeni ngalokho okudingekayo kuyo. Isamba sikaR800-*million* sizosebenza ekulungiseni okonakele kumbe ekwenzeni ngcono ezobuchwepheshe obuhambisana nale ngqala-sizinda.

UMnuz Msiwa uthe ukwakhiwa kwale ngqala-sizinda kuyisu-ngqangi eliqukethwe ngusomqulu woMngeni Water obizwa ngokuthi yi-Infrastructure Master Plan 2008.

Leli lisu-ngqangi limumethe inhloso yoMngeni Water yokukhiqiza amanzi ngokumatanisa izidingo zomphakathi, ohlangothini olulodwa, nokubheka ukuthi ugwanse kangakanani umthombo wamanzi.

Kuyona yonke inhloso yoMngeni Water, ngokwaleli lisu-ngqangi, wukubhekela kakhulu izindawo zasemakhaya okuyizona zisilele emuva uma kuqhathaniswa nezinye.

Okulandelayo yisithombe esichaza ngokuthi ngoJune 30 kulo nyaka bese likuphi izinga lemisebenzi ehlukahlukene eyenziwa wuMngeni Water.

Obese kuphothuliwe, yilokhu:

* YiNgcebo Bulk Supply Scheme. Lolu wuhlelo oluzolethela amanzi abantu ababalelwa kwabayizi-16 000 bakuMasipala waKwaMaphumulo ongaphansi kwesiFunda sika-Masipala weLembe. Imiphakathi ezosizakala ngowaKwaNgcolosi, Ekuthandazeni, KwaNgubane, e-Washini, eKhatha, KwaMambulu, KwaHlongwa, eMabomvini, eShabe naKwaMagongo.
* Ipayipi lamanzi elisuka e-Avondale liye eHonolulu, eligudla umgwaqo onguthela-wayeka u-N2 osuka eThekwini ubheke KwaDukuza. Leli payipi elingu-17.5-*kilometre* lizodlondlobalisa ukuphakelwa kwamanzi kuMasipala waKwaDukuza.
* Umshini ompompa amanzi ozolekelela ekulethweni kwamanzi ezindaweni ezisenyakatho yedolobha laseThekwini, njengaseNtuzuma, lapho kuvame khona ukunqamuka kwamanzi.
* Sekuyaphela ukwakhiwa kwelinye ipayipi elizoletha amanzi eThekwini eliphakathi koMsunduzi neTheku eligudla umgwaqo onguthela-wayeka ongu-N3.

UMnuz Msiwa uthe imisebenzi eminingi eqhubekayo njengamanje isezindaweni zasemakhaya njengaKwaMaphumulo, eMhlabashana, ezindaweni ezisogwini oluseningizimu eHibiscus naseMzumbe.

UNkk Nica Gevers, oyiChief Financial Officer (CFO) yoMngeni Water, uthe imali abadayisa ngayo amanzi yenyukile isuka ku-R1.90 yaya ku-R2.03 i-*kilolitre*.

Uthe imbangela enkulu yalokhu kwenyuka yisidingo esithe xaxa sokusetshenziswa kukagesi nokuhambisana nawo, ukugcinwa kwemishini isesimweni esifanele, ukuguga kwemishini namaholo abasebenzi.

Le ntengo kaR2.03 isebenza ekudayiseleni omasipala abehlukahlukene amanzi. Bona basuke besazoklama eyabo imali sebedayisela izakhamuzi amanzi.

OMILE nguMnuz Mzimkulu Msiwa, iChief Executive Officer yoMngeni Water. Uphahlwe nguNkk Nica Gevers oyiChief Financial Officer noMnuz Andile Mahlalutye, usiHlalo woMngeni Water
Isithombe: Fraser Mtshali